# UKRISTU OPHILAYO

## UBUFAKAZI BABAPHOSTOLI

### IBANDLA LIKAJESU KRISTU LABANGCWELE LEZINSUKU ZOKUGCINA

Njengoba sikhumbula ukuzalwa kukaJesu Kristu imnyaka eyizinkulungwane ezimbili ezedlula, sinika ubufakazi bethu bangempela bempilo yakhe engenakufaniswa namandla angapheliyo okuzinikela kwakhe okukhulu kwenhlawulo. Akekho muntu oseke waba nemfundiso enkulu kangaka kubo bonke asebeke baphila nalabo abasayophila kulomhlaba.

WayenguJehova Omkhulu weTestamente eliDala, uMesiya weliSha. Ngaphansi kokuholwa uBaba wakhe, Yena wayengumdali womhlaba. “Zonke izinto zenziwa nguye; futhi ngaphandle kwakhe akukho nanoma iyiphi into eyenziwayo leyo eyenziwa” (ngokukaJohane 1:3). Nakuba engenasono, Yena wabhabhathizwa ukugcwalisa konke ukulunga. Yena “wahamba ezulazula enza okuhle” (Izenzo 10:38), kepha bamnyanyela khona lokho. Ivangeli lakhe laliwumlayezo wokuthula noxolo. Wabancenga bonke ukulandela isibonelo sakhe. Wahamba ngezinyawo iPalestine lonke ephilisa abagulayo, enza abangaboni babone, futhi evusa abafileyo. Wafundisa amaqiniso aphakade, ingempela lobukhona bethu ngaphambi kokufa, inhloso yempilo yethu emhlabeni, nekhono lamadodana namadodakazi kaNkulunkulu empilweni ezayo.

Waqamba isidlo njengesikhumbuzo sokuzinikela kwakhe okukhulu kwenhlawulo. Waboshwa futhi wajeziswa ngamacala angamanga, waboshwa ukwenelisa uququqaba, futhi wagwetshwa ukufa esiphambanweni saseKhalvari. Wanikela impilo yakhe ukuhlawulela izono zaso sonke isintu. Okwakhe kwakuyisipho esikhulu esinikeziwe esikhundleni sabo bonke labo abangahle baphile emhlabeni.

Siyafakaza ngokuzithoba ukuthi impilo yakhe, leyo engumongo kumlando waso sonke isintu, noma yaqala eBethlehema noma yagcina eKhalvari. WayengowokuQala ukuzalwa kaBaba, iNdodana Ezelwe Yodwa enyameni, uMkhululi womhlaba.

Wavuka ethuneni “ukuba ngulibo lwabaleleyo” (1 KwabaseKorinte 15:20). NjengeNkosi eVukileyo, Yena wavakashela labo ayebathanda ngesikhathi esaphila. Washumayela futhi phakathi “kwezinye izimvu” zakhe (ngokukaJohane 10:16) eMelika yakudala. Emhlabeni wamanje, Yena noBaba wakhe bavela emfaneni uJoseph Smith, beqala okwakuthenjiswe abasEfesu kudala “kuze kube luhlelo lokuphelela kwezikhathi” (kwabasEfesu 1:10).

KokukaKristu Ophilayo, umPhrofethi uJoseph wabhala: “Amehlo akhe ayenjengelangabi lomlilo; izinwele zekhanda lakhe zazimhlophe njengeqhwa elimsulwa, ubuso bakhe babucwebezela ngaphezu kokukhanya kwelanga: futhi izwi lakhe lalinjengomsindo wamanzi amaningi agijimayo, ngisho izwi likaJehova, lithi:

“Ngingowokuqala nowokugcina; nginguye ophilayo, nginguye owabulawa; ngingguMmeli Wenu kuBaba” (D&C 110:3-4).

UmPhrofethi futhi wamemezela ukuthi aManje, emva kobufakazi obuningi osebunikiwe ngoMsindisi, sinikeza lobu bufakazi, okokugcina kukho konke: Ukuthi uMsindisi uyaphila!

Ungokuba sambona ngisho esandleni sokudla sikaNkulunkulu futhi salizwa izwi lisho umbhalo ukuthi ungoZelwe Yedwa kaBaba—

“Ukuthi ngaYe, futhi ngaye, futhi ngokungaye imihlaba ikhona futhi yadalwa, futhi abahlali bayo bangamadodana namadodakazi azelwe kaNkulunkulu” (D&C 76:22-24).

Siyamemezela ngamazwi okuzithoba ukuthi ubupristi bakhe neBandla lakhe kubuyiseliwe emhlabeni—“kwakhelwa esisekelweni sa . . . baphostoli nabaphrofethi, uJesu Kristu uqobo lwakhe eyitshe legumbi” (kwabasEfesu 2:20).

Siyafakaza ukuthi ngelinye ilanga uyobuya emhlabeni. “Futhi inkazimulo yeNkosi iyakubonakaliswa, yonke inyama ikubone kanyekanye” (u-Isaya 40:5). Uyakubusa njengeNkosi yamaKhosi futhi abuse njengoMbusi wabaBusi, futhi onke amadolo ayakuguqa nezilimi ziyakukhuluma zidumise phambi kwakhe. Ngamunye kithi uyoma ukwahlulelwa nguye ngokwemisebenzi yethu nezifiso zezinhliziyo zethu.

Sibeka ubufakazi, njengabaPhostoli bakhe abagcotshiwe ngokufanele—ukuthi uJesu uKristu Ophilayo, iNdodana kaNkulunkulu engafiyo. UyiNkosi enkulu u-Imanuweli, omile namuhla esandleni sokudla sikaBaba wakhe. Ungukukhanya, ukuphila, nethemba lomhlaba. Indlela yakhe yindlela eholela enjabulweni yalempilo neyempilo ephakade emhlabeni ozayo. Makabongwe uNkulunkulu ngesipho seNdodana yakhe enobunkulunkulu, lesi sipho esingenakuqhathaniswa.

**ABENGAMELE BOKUQALA**

**IKHORAMU LABAYISHUMI NAMBILI**

January 1, 2000

